

Ukudumisa uNkulunkulu ngokuthaba

Hubelani ngokuthaba
Ngakuye uNkulunkulu,
Lina lonke mhlaba wonke,
Lidumis' uNkulunkulu.

Limkhonze lilokuthaba,
Wozanini phambi kwakhe,
Lijabula lihlabele
Khon' ebukhoneni bakhe.

Yazini ukubana-ke
INkosi inguye mpela
UNkulunkul', osenzile
Thina, asizenzanga nje.

Thina siyibo abantu
Esenziwayo nguyena,
Njalo siyizimvu zakhe
Ezedlelo lakhe yena.

Ngenani emasangweni,
Libongeke lidumisa
Lasemagumeni akhe,
Libonga ibizo lakhe.

Ngob' iNkosi ilungile,
'Musa way' uhlezi kuze
Kube phakad', leqiniso
Lay' esizukulwaneni.

Isihlabelelo 100

Amangqongqo alenotho enkulu kakhulu
Lezinye indatshana zesiKristu zabantwana

Zahlelwa nguKenneth D. Macleod

Free Presbyterian Church of Scotland, Zimbabwe Presbytery
9 Robertson Street, Parkview, Bulawayo, Zimbabwe
tel. 09 62636 / 61902, email fpchurch@mweb.co.zw, fax 09 61902

zizakuba mhlophe njengeliqhwa; loba zibomvu njengobubende, zizakuba njengoboya bezimvu” (Ulsaya 1:18).

Kusuka kumadabudabu angcolileyo kusiya kuphepha elipheleleyo

Iphepha kulelikhasi lenziwa ngemvuthu zesigodo, kodwa eminye imihlobo ekhethekileyo eyamaphepha yenziwa ngamadabudabu. Kudala wonke amaphepha ayesenziwa ngamadabudabu. Zonke izigayo zamaphepha zazilezindlu ezinkulu ezokugcina amadabudabu ayegcinelwa ukwenza amaphepha amanengi.

INdlovukazi uVitori wake wethekelela isigayo samaphepha. Umnikazi wesigayo wamtshengisa konke esigayweni, “lendlu yamadabudabu”. Kwathi ibona imihlobo yemibala ehlukeneyo yamadabudabu agcwele inhlabathi yamangala ukuthi kungenzeka njani ukuba ngamaphepha amhlophe. “Angenziwa njani sibili lamadabudabu ukuba mhlophe?” wabuza.

Umnikazi wesigayo waphendula wathi, “Sisebenzisa indlela yemitshana, Nkosikazi, esisusa ngayo imibala ebomvu lebomvu gebhu kumadabudabu.”

Kwathi emva kwesikhathi, iNdlovukazi yemukela isipho esamaphepha amahle eyayingazake iwabone. Kwakhangeleka kudula kakhulu, njengephepha elihle kakhulukazi lokubhalela. Kilo lonke ikhasi kwakungamabala ebizo layo, mhlawumbe lophawu lwesitshengiselo sezikhali zayo. Ndawonye lesipho, kwakulencwadi. INdlovukazi yabona ukuthi kwakuyincwadi evela kumnikazi wesigayo owake wamethekelela. Le yingxenye yalokho ayekubhalile.

“Kungathi uMhlekezi angemukela ngentokozo isifanekiso sephepha lami, ngesiqinisekiso sokuthi isiqo sonke senziwa ngamadabudabu angcolileyo owawabonayo. Ngithemba ukuthi isilandelamuva yilesi uMhlekezi asibukayo.”

“UMhlekezi angangivumela yini ukuthi ngithi sengizwe intshumayelo ezinengi kutshunyayelwa ngalokho engikubonayo esigayweni sami? Ngityaqedisisa ukuthi iNkosi uJesu Kristu ithatha umhedeni olusizana longcolileyo okwedlula bonke abangcolileyo, yenze ahlambuluke, lokuthi lanxa izono zakhe zibomvu gebhu, izazenza zibe mhlophe njengeliqhwa.”

“Njalo ngibona ukuthi ingafaka njani ibizo layo phezu kwabo njengalawomadabudabu, khathesi sebeguquliwe bangesiswa esigodlweni bayabukwa; zinjalo izoni ezilusizana zingahlanjululwa, njalo zemukelwe esigodlweni yiNkosi eNkulu.”

Lokhu yikho ukuhlanjululwa lokuguqulwa sonke esikuswelayo ngoba izono zethu zisenze sangcola, zatshona zasichathazela saba bomvu njengomphendulo obomvu gebhu. Kuphela uNkulunkulu nguye ongaliguqula, njalo uyabizisa ngomusa ukuthi lize kuye ukuze alenze lihlambuluke. Dinga ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uzakwenza uvume njalo ube lakho ukulalela ukubiza kwakhe. “Wozani khathesi, njalo siqondisane,” itsho iNkosi, loba izono zenu zibomvu,

Okumunyethweyo

Lokhuyana ngokwami.....	5
Amatshe aligugu ayinoto enkulu kakhulu.....	6
INkosi yinqaba yethu lamandla ethu.....	8
Inoto Eligugu Elikhulu.....	9
UDavida loGoliyathi.....	10
Izidalwa ezihlakaniphileyo.....	13
Impophoma zeVitori.....	15
Umfana ongamthemba.....	16
Amalungiselelo.....	18
Indodana eyokucina iyakhethwa.....	19
Ithemba leKula.....	20
Lokho uNkulunkulu akufundisayo.....	21
Ukuya engutsheni.....	22
Unina uPhusi.....	23
Lalelani bantwana.....	24
Ngitshengisa izindlela zakho.....	26
Izulu.....	27
Isikolo esingejwayelekanga.....	28
Isihlahlakazana seSigxingi.....	30
UMathewu.....	32
Umlandu weSidini.....	33
Kambe sowake wabona umphefumulo?.....	35
Umfana oyisiphofu.....	37
Kusuka kumadabudabu angcolileyo kusiya kuphepha elipheleleyo.....	38
Ukudumisa uNkulunkulu ngokuthaba.....	40

Umfana oyisiphofu

Ngafunda kugwalo oludala ngomfana oyisiphofu esikolo seMission eSiriya. Njengabanye abafana kulesi isikolo, wayefunde ukubala iBhayibhili, kodwa kwakuliBhayibhili elikhethekileyo lilamabala emiyo okwakusithi umfana awezwe ngeminwe yakhe.

Isethekeli eseza esikolo ngolunye usuku sambuza ngobuphofu bakhe. Umfana wathi “Ngangibona, kodwa ngalala ubuthongo obude, obude kakhulu. Ngacabanga ukuthi angisoze ngiphaphame futhi.” Wayesitsho ukuthi wayeseyisiphofu ngokupheleleyo, wasecabanga ukuthi kasoze aphinde abone futhi.

“Ngalala”, kutsho umfana, “kwaze kwathi umuntu olomusa, onguMnali weza wavula amehlo ami.” Kwathi ekhomba emehlweni akhe angaboniyo wathi, “Hatshi la amehlo”. Ephakamisa iminwe yakhe wathi, “Wavula la amehlo.” Umfana wayesitsho ukuthi uMnali wamfundisa ukubala ngeminwe yakhe. “Khathesi la amehlo abona amazwi amnandi akaJesu,” umfana wengezelela.

Umfana wayewathanda kangakanani, “amazwi amnandi akaJesu” lokho ayefuna ukuthi abanye wayefuna bawazi wayehlala ebelethe umfana owayeyisigoga esiya esikolo, ukuze laye futhi afunde njalo ezwe ivangeli.

Kambe linganakana ngabafana ababili besiya esikolo yini? Umfana oyisiphofu. Umfana oyisiphofu ezinyawo zomfana ogogekileyo. Kangikhumbuli ukuthi lingakhohlwa yini ukubona okunye? Kambe ingaba njani imikhumbulo yakho? Kufanele ukunakana ukuthi kakulamsebenzi ongcono owamehlo akho kulokufunda ilizwi likaNkulunkulu, ukuthi akulamsebenzi ongcono wenyawo zakho kulokukusa endlini kaNkulunkulu. Kukho kokubili akukho okulomsebenzi ongcono kulokunceda abanye ukuzakuzwa ilizwi likaNkulunkulu. Ngiyathemba lizacabanga ngalokho.

Khathesi nxa livula kuJohane isahluko sesificamunwemunye, ungafunda ngendoda eyazalwa iyisiphofu, owenziwa wabona nguJesu. UJesu lokhu esenza into emangalisayo kakhulu, nxa evula amehlo awokuqedisisa kwesoni, njalo abesekhokhelela lowomuntu ezulwini.

Kwake kwaba lomKristu oyosiphofu owazalwa eyisiphofu. Lanxa amehlo okuqedisisa kwakhe ayesevuliwe ukubona uJesu, walindela esikhathini lapho wayengabona uJesu ngamehlo omzimba wakhe. Wathi, “Kangikaze ngibone bani, ngalokho uJesu uzakuba ngawokuqala uMuntu engizambona. Ngoba amehlo ami azavulwa ezulwini.”

Angazathi uNkulunkulu angakuletha ngoMoya wakhe oyiNgcwele ukukholwa kuJesu Kristu, ukuze umphefumulo wakho usundiswe.

Lokhuyana ngokwami

Ngifuna ukulitshela ngesinothi esingumninimhlabathi esasizigqaja sihlala eNgilandi kudala. Umlimi owesaba uNkulunkulu wafika kuye ngolunye usuku ukucela umusa. Phambi kokuthi umlimi acele umusa, umninimhlabathi wathi ufisa ukumtshengisa indawo yakhe. Umlimi wavuma.

Bahamba bonke ummango omude sibili baze bayafika phezulu enqongeni yoqqa. Belapho babe lakho ukubona yonke indawo. Kwakuyindawo enkulu kakhulu, mhlawumbe umninimhlabathi yaba yilifa lakhe ekufeni kukayise.

Umninimhlabathi ngokuzigqaja wakhomba amasimu akhe, wathi: “Wonke la ngawami”. “Lalokhu ngokwami”, ekhomba izakhiwo zepulazi lezindlu, okokucina wathi kumlimi: “Oqotho lonke ulutho olubonayo ngolwami”.

Umlimi owesaba uNkulunkulu wacabanga okwesikhatshana. Wasekhomba ezulwini. Wakhangele kumninimhlabathi, wasebuza, wathi: “Lalokhuyana ngokwakho yini?” esitsho ukuthi yayikhona yini indawo yakhe ezulwini.

Umninimhlabathi wayengelakho ukutsho ilizwi, ngoba umbuzo womlimi wangena enhliziyweni yakhe njengomtshoko. Wakwazi ukuthi lanxa wayelamasimu kulowo umhlaba wayengelandawo ezulwini. Wayezigqaja ngakho konke okwakungokwakhe kodwa wayengelalo ulutho olulodwa olwalusweleka. Wayephathekile ngokuzuza imali ngomhlaba wakhe. Kodwa wayengabeki inotho ezulwini.

Umbuzo womlimi owayelungile wabusiwa kumninimhlabathi, waseqalisa ukunakana ngala amazwi kaJesu: “Kodwa dingani kuqala umbuso kaNkulunkulu, lokulunga kwakhe; khona zonke lezizinto zizakwengezelelwa kini.”

Usuku lwafika lapho umninimhlabathi azuza khona iNkosi losindiso lwakhe. Ngokunjalo wayeselalo ilifa ezulwini. Nxa usuzelwe ngokutsha usukholwa kuJesu iBhayibhili lithi: “Ulelifa elingaboliyo lelingangcolanga, lelingabuniyo, oligcinelwe ezulwini.”

Angazi ukuthi umlimi wawuzuza yini umusa kumninimhlabathi, kodwa ngiyazi ukuthi umninimhlabathi wazuza umusa omkhulu kumlimi lapho embuza lowombuzo onzulu: “Kambe lakho lokhuyana ngokwakho yini?”

Umninimhlabathi wanikwa umusa omkhulu okwedlulisileyo, lapho uNkulunkulu wamupha ilungelo embusweni wezulu. Wayeselayo khathezi inotho ezulwini njalo wayeselakho ukuthi athi: “Lokhuyana ngomusa kaNkulunkulu ngokwami.” Kungathi kungaba ngokwenu lani. Kudinge ngenhliziyo yakho yonke.

Amatshe aligugu ayinotho enkulu kakhulu

EBhayibhili ni sifunda ngamatshe aligugu. Kwakulamatshe aligugu esivikelweni sesifuba somprisiti omkhulu koIsrayeli sifunda njalo ngaligugu esiliva, igolide lepharele lawo abesifazana ababewagqiza. EThesamenteni elitsha siyatshelwa ngepharele elidulayo kakhulu umthengisi owalifuna kangangokuthi waze wathengisa konke ayelakho ukuze alithenge.

IBhayibhili ngokwalo liyilitshe eliligugu. UDavida umhlabeleli wathi, liligugu kuye okwedlula igolide elinengi.

Kudala kwakulomongikazi owesaba uNkulunkulu owayelondoloza owesifazana owayegula. Ngolunye usuku owesifazana wathi kumongikazi wakhe: “Letha amatshe ami aligugu.”

Kwathi umongikazi esewalethile owesifazana wathi: “Khathesi, Mongikazi kawufuni yini ukuba lamanye amatshe aligugu?” Umongikazi waphendula: “Hayi Nkosikazi, ngoba ngilawo amatshe aligugu angcono okwedlula la.” Owesifazana wabuza ngokumangala wathi: “Lokho kungaba njani? Ake ngibone elinye!” “Amatshe ami aligugu akulo lolugwalo”, watsho umongikazi edobha iBhayibhili lakhe. “Kahle ngikutshengise amanye awo.” Wasemfundela owesifazana amanye amavesi aligugu, kulolugwalo oluligugu.

Okwensuku ezithile umongikazi wayetshengisa isigulane sakhe esigulayo amatshe aligugu kusiya kusanda, okwamatshe aligugu aweBhayibhili okugoqela “izithembiso ezinkulu leziligugu” zevangeli, uNkulunkulu walibusisa ilizwi lakhe kowesifazana owayegula, leBhayibhili laselisiba ligugu kuye, laba ligugu eledlula amatshe akhe aligugu. IBhayibhili liligugu yini kuwe?

Ngileqiniso usuke wezwa ukuthi hlolani eBhayibhili “iPharele lentengo enkulu”. Liyakwazi kambe ukuthi ungubani?

Ngizazama ukulichazela ngokulitshela enye inganekwane efanana laleyana engisanda ukulitshela yona. Nansi-ke. Owesifazana owayenotho kakhulu weza evela eJava wayahlala eNgilandi kudala. Wayelamatshe aligugu amanengi ayewathanda. Ngolunye usuku wathi entombazaneni eyayimsebenzela, eyavela kweZikotshi, wathi: “Ngikhumbula ukuthi iNgilandi yindawo yobuyanga”. “Kanti kungani kunjalo Nkosikazi?”, kubuza intombazana.

“Nxa ngikhangela phandle emigwaqweni agiboni bafazi belamatshe aligugu bewagqizile. Kwelakithi ilizwe abafazi bagqiza indayimani lamapharele, lamanye amatshe aligugu. Siyagebha emaqaqeni akithi sizuze igolide lesiliva lamatshe aligugu. Liyagebha emaqaqeni akini lingazuzi lutho olunje ngawo.” “Yebo nkosikazi” kutsho intombazana, “kodwa silalo kulelizwe ipharele elibizwa kuthiwa “iPharele lentengo enkulu.” “Lilalo yini sibili?”, kutsho owesifazana, “ngizathanda ukulizuzwa.” “Yebo”, watsho umongikazi; “leli

Kambe sowake wabona umphefumulo?

Umfundisi owesaba oNkulunkulu wahlangana lodokotela owayengakholwa iBhayibhili, eseyisa ubuKristu.

“Ngakho, utshumayela ukusindisa imiphefumulo,” kwatsho udokotela.

“Yebo ngiyakwenza,” umfundisi ephendula. Ngoba wayekholwa ukuthi ilizwi likaNkulunkulu alitshumayelayo lilakho ukusindisa imiphefumulo.

“Wawuke uwubone yini umphefumulo?” wabuza udokotela.

“Hatshi”, kuphendula umfundisi.

“Wakhe wawuzwa umphefumulo na?” “Hatshi”

“Sowake wawuhlola umphefumulo yini?” “Hatshi”

“Kambe sowake wawunuka umphefumulo na?” “Hatshi”

“Sowake wawuphuphutha yini umphefumulo?” udokotela wabuza okokucina.

“Yebo, ngendlela sengike ngakwenza” watsho umfundisi. “UNkulunkulu wenza ngizwe ukuthi ngilomphefumulo lokuthi kufanele usindiswe.”

Udokotela wasesithi kumfundisi, “Ngingathi okune kwemizwa yakho emihlanu kuthi ayikho into enjalo njengomphefumulo. Ngakho ukune kumele lokukodwa.

Umfundisi waphendukela kudokotela wasesithi embuza, “Ngitshela dokotela, sewake wabubona ubuhlungu yini?”

“Hatshi,” ephendula udokotela.

“Sewake wabuzwa ubuhlungu yini?” “Hatshi”.

“Sewake wabuphuphutha ubuhlungu na?” “Hatshi”.

“Sewake wabunuka ubuhlungu yini?” “Hatshi”.

“Sewake wabunambitha ubuhlungu na?” “Yebo”, kwaba yimpendulo kadokotela.

“Ngakho, watsho umtshumayeli, “ngobune bemizwa yakho phakathi kwemihlanu kutshengisa ukuthi abukho ubuhlungu.”

Bobabili umfundisi lodokotela babekwazi ukuthi kungabe kuyibumbulu lokungabi liqiniso ukuthi akulanto enjengobuhlungu, kodwa angikwazi ukuthi udukotela wake wacabanga yini kwakungeyisilo iqiniso ukuthi asilawo umphefumulo njengokuthi kakulabuhlungu.

Ungabakholwa labo abathi kawulamphefumulo. Mkholwe uNkulunkulu nxa esithi umphefumulo wakho ufanele usindiswe. Kwesabeka kangani ukuthi loba ngubani alahlekelwe ngumphefumulo wakhe esihogweni. Kumbula lokho uJesu akutshoyo, “Kambe kungamsizani umuntu nxa engazuza umhlaba wonke abeselahlekelwa ngowakhe umphefumulo? Kumbe umuntu angaphani ukuze atshintshanise lomphumulo wakhe?”

leyomali esikhwameni sakhe, wahaluzela waya kunina. Wagona unina entanyeni, wathi, “Maye mama, bengiyisihwaba esingakanani, ngixolela! Nansi imali, angiyifuni. Sengizakwenza njalo imisebenzi eminenginengi ukukusiza.”

Bantwana abathandekayo, ungazake umhlawule unyoko loba uyihlo ngomusa wabo wonke kuwe; kodwa lokho akutsho ukuthi awulamlandu kibo. Ulomlandu wokubahlonipha ngoba uNkulunkulu uthi, “Hlonipha uyihlo lonyoko”. Ukuhlonipha kutsho ukubathobela, ubathande, lokubalalela. Ngakho ulomlandu owothando kibo, kawulawo yini? UNkulunkulu usitshela ukuthi, “Sithandane”. Indlela engcono yokutshengisa uthando lwakho ebazalini bakho yikubalalela. Ngakho ulomlandu wokubalalela. UNkulunkulu uyalitshela, “Bantwana, lalelani abazali benu eNkosini, ngoba lokho kuqondile.”

ipharele kayisilo elokugqokwa, njalo ungazake ulithenge ngemali. Labo abalalo kalisoze libalahlekele. Basekuthuleni, njalo balakho konke abakufisayo.” “Isibili!” watsho owesifazana. “Lingaba yini lelopharele?” “Lelipharele,” kwatsho intombazana, “yiNkosi uJesu Kristu oweza emhlabeni ukuzasindisa izoni.” Intombazana yatshela inkosikazi yayo ukuthi wonke umuntu uyisoni, lokuthi loba yisiphi isoni esikholwa kuKristu siyasindiswa ezonweni zaso. Ngakho uligugu uKristu kulabo abakholwa kuye.” Yathi: “Bayabala zonke izinto zibe yikulahlekelwa ngenxa yobuhle bolwazi lwakhe.”

Owesifazana wakhokhelwa nguNkulunkulu ukudinga inotho engcono kulamatshe aligugu akhe, wathola “iPharele lentengo enkulu,” uJesu Kristu. Waba ligugu kangaka okwathi masinyane esesifa walayezela ukuthi wonke amatshe akhe aligugu athengiswe ukuze imali isebenze ukuhambisa izindaba ezinhle, “ngePharele elentengo enkulu” kulabo abangalizwanga.

Lina liyalidinga yini “iPharele lentengo enkulu?” Uthi, “Dingani lizathola.”

INkosi yinqaba yethu lamandla ethu

INkosi yinqaba yethu,
Lawethu amandla,
Ingumsizi ngesikhathi
Esezinhlupheko.

Ngakho asiyikwesaba
'Ngaz' usuk' umhlaba,
Lob' intaba zithwalelwa
Phakathi kolwandle.

Lob' amanzi ehlokoma
Ngokukhathazeka,
Lob' intaba zinyikinywa
Ngokukhukhumala.

Kulomfula lezifula
Ezithabis' um'zi
WeNkos', idumb' elingcwele
Lakh' oPhezukonke.

INkos' iphakathi kwawo,
Kawunyikinyeki,
Ngesikhath' es'faneleyo
Nkos' izawusiza.

Isihlabelelo 46:1-5

Umlandu weSidini

Aluba ulesikwelede semali komunye, kutsho ukuthi kufanele uyihlawule kuye. Ngafunda ugwalo oludala olumayelana lomfana omncinyane oleminyaka elitshumi, owayenakana ukuthi unina wayelesikwelede kuye. Ibizo lakhe lalinguSidini, njalo wayeqiniso elokuthi unina uzamhlawula ngokumsiza kwakhe, njengomqatshi esipha imihlo kulabo abamsebenzelayo.

Lanxa kunjalo uSidini wayengelasibindi esaneleyo sokubuza unina ngemali. Wayemele enzeni? Khonokho nje waba lomcabango okhanyayo, njengokubona kwakhe. Wabhala uluhlu lwezinto eziyisikwelede sikanina abesekutshiya endlini endaweni, lapho azakufica khona.

USidini wasebenza konke acabanga ukuthi kuyisikwelede sikanina, wakubhala phansi oluhlwinini.

Ekuseni okulandelayo unakaSidini wamangala kakhulu qotho ukuthi abone incwadi igiqika phansi etafuleni yakhe eyemkulwini. Yilokhu uSidini akubhalayo.

UMama ulomlandu kuSidini

Ukudinga amalahle kasithupha	\$2
Ukuthenza incwathi okwesikhathi ezinengi	\$2
Ukuya le lale kabili	\$2
Ukuba ngumfana olungileyo	\$1
Sekukonke	\$7

Unina wabala umbhalo kodwa kazange atsho lutho. Ntambama uSidini wafica umbalo ule-\$7 njengenhlawulo emganwini wakhe ngesikhathi setiye. Ngaphansi kwakulomunye umbhalo. Wawudobha wasewubala. Lokhu yikho akubhalayo.

USidini ulomlandu kuMama

Okwekhaya lakhe elithabayo okweminyaka elitshumi	Kakulalutho
Okokudla kwakhe lezigqoko zakhe	Kakulalutho
Ukumncedisa ezifundweni zakhe	Kakulalutho
Lokumonga nxa egula	Kakulalutho
Sekukonke	Kakulalutho

Engekayiqedi uSidini izinyembezi zaseziqalisa ukuhlengazela emehlweni akhe. Wabalenhloni ukuthi unina ulomusa ongakanani, lokuthi wayencitshana njalo ezinanzelela yena kuphela. Wayekwazi ukuthi lanxa wayengamcela imali yokumenzela zonke lezozinto ukuthi wayengasoze amhlawule. Wathatha

UMathewu

UJesu ngolunye usuku wayehamba ngomgwaqo eduze lolwandle lweGalili. Wananzelela indoda isebenza eceleni komgwaqo. Ibizo lendoda lalinguMathewu, kodwa kwesinye isikhathi wayebizwa kuthiwa nguLevi. Abathengisi abanengi babesedlula ngalowomgwaqo bethwele izinto ezinengi ukuyathengisa kwezinye izindawo ezikhatshana. Kwakungumsebenzi kaMathewu ukuqoqela uHulumende imali kibo abathengisi.

Engxenywe uMathewu wayephathekile emsebenzini wakhe uJesu esiza, kodwa wayengasayikuphinda asebenze lapho njalo. UJesu wamfuna ukuthi amlandele. Ngakho wambiza uMathewu wathi, “Ngilandela.”

UMathewu wamlalela uJesu yini? Yebo, wakwenza. Wayesehlala ehamba loJesu loba kungaphi lapo uJesu ayefuna ukuthi ayekhona. Ngakho uJesu esiya eJerusalema uMathewu wahamba laye, kanye labanye abafundi abanjengoPetro loJakhobe loJohane. Wabona zonke izinto ezimangalisayo uJesu azitshoyo. Kwakusithi nxa isikhathi sesifikile esikaJesu ukuthi abuyele emuva, olwandle lweGalili. UMathewu wabuyela laye. Walandela uJesu kizo zonke indawo ezehlukeneyo.

Kodwa lapho uJesu etshela uMathewu ukuthi aMlandele wafuna ulutho okwedlula lokho. Wafuna ukuthi uMathewu amlalele kizo zonke izinto. Wayefuna ukuthi uMathewu enze yonke into amtshela yona. Kufanele sikhumbule ukuthi uJesu kayisuye umuntukazana, ngoba uJesu nguNkulunkulu. Kufanele sihlale silalela uNkulunkulu. Kwaba kuhle kangakanani ukuthi uMathewu wavuma ukulandela uJesu!

Kambe liyakwazi yini ukuthi uJesu utsho into efananayo kini njengoba watsho kuMathewu? Yebo, uyalitshela ukuthi limlandele, hatshi kundawo ngendawo njengoMathewu owayemlandela. Kodwa lihlale limlalela loba lisiya ngaphi.

Khumbulani ukuthi nguJesu owathi, “Vumelani abantwana abancinyane ukuza kimi.” Nxa lisiza kuye, uzalikhokhela livikelekile kibo bonke ubunzima lezingozi okungathi wonke umuntu ahlange lazo. UnguNkulunkulu uMalusi olungileyo onanzelela ngezimvu zakhe, ezincinyane kanye lezinkulu.

Engxenywe uthi angiqedisisi ngokwabo ukuthi kutshoni ukuza kuJesu, lokumlandela. Ungaqedisisa ukuthi uMathewu wayemlandela njani lapho uJesu wayehamba emgwaqweni phansi kolwandle lweGalili. Kodwa uJesu khatshesi usezulwini. Phoke kutshoni kuwe?

Kaliyikumtshela yini uJesu ngakho? Thandazani kuye. UMceleni ukuthi alenze liqedisise ukuthi kutshoni ukumlandela, lokuthi kutshoni ukuza kuye. Mceleni ukuthi alenze limlalele ngobuqotho. Lokuthi alenze lifune ukumlalela ngobuqotho.

Inotho Eligugu Elikhulu

Amadayimani aphakathi kwezinto eziligugu emhlabeni. Elinye ilitshe eligugu lesikhosini elaziwa kakhulu yiKoh-i-noori Dayimani. Lingelinye lamatshe aligugu kakhulu emhlabeni wonke. *IKoh-i-noori* kutsho ukuthi *intaba yokukhanya*, njalo leli libizo lilifanele, ngoba ukukhanya okuphandlayo kuphazima kusuka kuleli dayimani elikhulu kakhulu. UNkosi Lorensi wayeyindoda eqakathekileyo eIndiya. Wayaye alungiselele ukuthumela idayimani kuNdlovukazi uVikitoriya eLandani. Eliphethe esandleni sakhe, isisebenzi sakhe esidala salikhangela kodwa kasingananzelelanga ukuthi laliligugu njani. Sabona ukuthi lalilihle, kodwa sakhumbula kwakuxabiseke kancinyane kakhulu. Sathi: “Akusiko lutho, Sahib, kodwa kulutshwana kwengilazi.”

Liyazi yini ukuthi yinto bani eliligugu kakhulu emhlabeni, ligugu okwedlula ilitshe eliligugu kakhulu? Nxa lisithi: “yiBhayibhili!”, lokhuyana kuyimpendulo eqondileyo. UDavida uthi esihlabelelweni, ilizwi likaNkulunkulu, esitsho iBhayibhili, liligugu kakhulu okwedlula igolide elihle kakhulu. USolomoni laye uthi iqiniso lelizwi likaNkulunkulu liligugu okwedlula lonke igolide loba isiliva loba ilitshe eliligugu kumbe amatshe aligugu. Kuyadanisa kakhulu ukuthi abantu abanengi kabanakani ukuthi iBhayibhili iqakathekile. Njengoba isisebenzi seIndiya sathi idayimani yeKoh-i-noori kwakulucezu kuphela olwengilazi, bacabanga ukuthi iBhayibhili lugwadlwana nje, ngithemba ukuthi amazwi kaNkulunkulu aseBhayibhilini aqakathekile kini ukuthi belingathi ngawo: “Ziloyiseka kakhulu kulalo igolide, igolide elinengi elicengekileyo” (Isihlabelelo 19:10).

IBhayibhili lugwalo oliligugu okwedlula zonke ingwalo emhlabeni ngoba lisitshela ngoMsindisi oligugu uJesu Kristu. Lanxa abantu abanengi bengakhumbuli ngaye, iBhayibhili lisitshela ukuthi uliPharele lentengo enkulu. Khuleka kuNkulunkulu ukuthi enze uJesu abe ligugu kuwe, lokuthi enze iBhayibhili lalo libe ligugu kuwe.

UDavida loGoliyathi

Wonke umuntu ebuthweni lenkosi uSawuli wayesesaba. USawuli wayeyinkosi yakoIsrayeli, kodwa izitha zabo, amaFilisti, zeza ukulwa labo. Okwakusesabeka kakhulu kwakuyikuthi isiqhwaga sawo, uGoliyathi, wayesiza kabili insuku zonke, ukumemeza kuSawuli labantu bakhe. Yebo, uGoliyathi wayemkhulu kakhulu njalo elamandla. Wayegqoke izembatho zensimbi ezempi, ephethe umkhonto omkhulu. Insuku zonke wacela uSawuli lamaIsrayeli ukuthi bakuphe omunye umuntu ayekulwa laye oyedwa nje. Nxa uGoliyathi wayenganqoba, amaIsrayeli wonke ayezakuba yizigqili zamaFilisti. Kodwa nxa uGoliyathi wayengabulawa, amaFilisti ayezakuba yizigqili zamaIsrayeli.

Usuku ngosuku uGoliyathi wayesizazibula kuSawuli lamadoda akibo. Kodwa kambe babengenzani? Kwakungelamuntu owayezizwa eqinile elesibindi sokuzimisela ukulwa lendoda eyayinkulu ilamandla kangaka. Qotho kwakungekho owayengambulala lula, bakhumbula. Babengakwazi abangakwenza.

Kambe ukhona yini owakhumbula ukucela uNkulunkulu ukuthi abasize? Qiniso ayekhona amadoda ayekwazi kuleloviyo ukuthi uNkulunkulu wayengabasiza. Amanye amadoda ayemazi mhlophe uNkulunkulu njalo ayehlala ekhuleka kuye, kodwa okwakudanisa, uSawuli wayengayisuye omunye wabo, wayengayisuye umngane kaNkulunkului.

Phakathi kwamabutho, kwakulamajaha amathathu ayevela eBhethilehema. Kwathi ngolunye usuku uyise wabo uJese wacabanga ukubathumezela ukudla. Ngakho wasebiza uDavida icinathunjana lakhe, ukuthi aphaathele abafowabo ukudla lokuthi abone ukuthi babeqhuba njani. UDavida wavuka ngovivi waya laphe impi ayayigqize khona.

Kwathi uDavida esakhuluma labafowabo, wezwa uGoliyathi kanye njalo ememeza kumaIsrayeli, ebacela ukuthi balethe omunye azekulwa laye. UGoliyathi wayeseze zonke insuku okwamalanga angamatshumi amane khathezi kodwa kungekho owayezizwa eqinile okuyakulwa laye. Kodwa uDavida kazange ezwe njengalokho. Waqalisa ukutshela abantu ukuthi uzakulwa loGoliyathi. Abanewabo banakana ukuthi kwakuyibuphukuphuku ukuthi anakane ngakho. Ekucineni omunye wamthatha uDavida wamusa enkosini. Kodwa kwakungaba yikuhlakanipha yini inkosi ivumele uDavida alwe loGoliyathi? UGoliyathi wayengamkhulu yini kakhulu ngamandla kuloDavida?

USawuli wakhangele uDavida, kodwa waba leqiniso ukuthi uDavida wayemncinyane kakhulu. Njalo wayengazange alwe impi ngaphambili. Kodwa uDavida wayitshela inkosi ukuthi wazelusa njani izimvu zikayise. Wakhuluma

Ungaphi? Ugijima ngemva kokunambitha okumnandi okukaSathane yini, izono ezikhohlisayo ligcinwa nguye ebugqilini? Kumbe usindisiwe yini, wakhululwa nguJesu Kristu njalo umsebenzela? Xwayiseka ngesihlahlakazana seSigxingi!

Isihlahlakazana seSigxingi

Kulesihlahlakazana esikhangeleka sisihle okuthiwa yiSigxingi, esimila phose kizo zonke indawo zomhlaba. Ekucineni kwamahlamvu alesihlahlakazana abunjwe ngesimo sesigxingi. Ancipile ngaphansi abanzi ngaphezulu.

Isihlahlakazana seSigxingi silomhluzi okhethekileyo ohungela izibungu kuso njalo eziwuthanda kakhulu. Ezinye izihlahlakazana zeSigxingi zincinyane okwama-intshi amabili, kodwa ezinye zinkulu okwama-intshi angamatshumi amabili, ezinye zazo zingaba lamaphayinti amabili womhluzi. Nxa izibungu zisondele kiyo iSigxingi ziyahuga, ngemibala yaso ekhanyayo, langokunuka komhluzi. Ziqalisa ukunatha umhluzi onambithekayo empokweni, kodwa masinya zifuna ukwengeza lokwengeza ubumnandi bomhluzi zigaqe zisehla khonale khatshana esihlahlakazaneni, lapho omnengi khona. Ekucineni zehluleka ukunyathela beseziwela phansi emhluzini.

Intambo ezincinyane ezitshelayo esihlahlakazaneni zenza ukwehla kube lula kakhulu, kodwa zivala indlela yokuphuma. Nxa izibungu zizama ukwehla esihlahlakazaneni izikhonkwane zinjengemihedla yempi ifolile maqondana layo. Ukuphunyuka kakwenzeki. Isibungu siyasadalala kuthi ekucineni sigalule entweni kanye ebisiyiloyisa kakhulu.

Ngumfanekiso bani lo bantwana abatsha, owendlela yesono loSathane. Bangasilinga ngalokho okubonakala kukuhle kakhulu. Kukuhle kangaka esikhathini, kodwa ekucineni kuyisifu kithi kusichithe. Izibungwana zikhohliswa yisihlahlakazana ngomhuji waso onambitheka mnandi. Zicabanga ukuthi isihlahlakazana sizazipha ulutho oluhle. Kodwa zibone sekuphuzile kakhulu ukuthi kuzithathela konke ezilakho, kuthatha ngitsho lempilo yazo.

Kunjalo ngesono loSathane. Bangabakhohlisi. Kuthiwa ngoSathane kuSambulelo 12:9 ukuthi ukhohlisa umhlaba wonke. Ilizwi likaNkulunkulu liyasixwayisa “ngenkohlakalo yesono” kumaHebheru 3:3. Ukukhohliswa kutsho ukuthuthazwa. Ucabanga ukuthi uzazuza ulutho oluhle olukholisekayo olukhangeleka luluhle okwesikhatshana, kuthi izinto zigquke ubususiba yisibotshwa. Izinto ezikhohlisayo zesono loSathane zinganambitheka mnandi okwesikhathi, kodwa ziphenduka masinyane zibabe. Uzabanjwa njengesibotshwa sikaSathane ubususiba laye esihogweni.

Kodwa sonke sonile sasesibanjwa emjibileni kaSathane, njalo ukhona munye kuphela ongasisindisa ekubeni yizibotshwa zikaSathane entologweni yakhe. Lowo yiNkosi uJesu Kristu. Wafela izoni zethu esiphambanweni, lapho wahlawula umlandu wesono. Inkokhelo yesono yikufa. Wakuthwalela abantu bakhe. Ngakho-ke bonke abamemukelayo njengoMsindisi wabo bakhululwe ekwehlulweni kokufa okuphakade.

ngosuku lapho isilwane esabamba khona iwundlu, uDavida walisindisa iwundlu, kwathi isilwane sesisithi siphendukela ngakuye, wasibulala. Kwathi njalo lebhre selithethe elinye lamawundlu walibulala lalo.

UDavida wakwazi ukuthi angenza into afananayo ngeqhawe lamaFilisti. Ngani? Ngoba uNkulunkulu wayezamnceda, njengoba wamnceda esilwaneni lakilo ibhere. Wakwazi ukuthi uGoliyathi wayengakhulumi emelene loIsrayeli. Kodwa loNkulunkulu kaIsrayeli, onguNkulunkulu weqiniso yikho uDavida watshela uSawuli ukuthi uNkulunkulu, owamkhulula esilwaneni lebhereni. Uzamkhulula lakumaFilisti.

USawuli wacabanga ukuthi uDavida ayekulwa loGoliyathi, ngoba wayengekho owayezilungiselele ukuzama. Wanika uDavida elakhe uqobo ibhatshi lensimbi lengowane yekhanda lakhe. UDavida wazizama, wasethatha inkemba uSawuli ayemnike yona. Kodwa wayengahlalisekanga, wayengakaze alinge ibhatshi lensimbi elingamlinganiyo. Wakwazi ukuthi uzaqhubeka ngcono engelazo. Ngakho wakhulula konke wakubuyisela kuSawuli.

UDavida wahamba elogodo kuphela esandleni sakhe, ugado ayelusebenzisa nxa elusile izimvu zikayise. Kodwa kwathi esefike esifuleni wema wakhetha amatshe amahlanu abutshelazi. Wawadobha wawafaka esikwameni somelusi leso ayesithwele. Kwakulolunye ulutho uDavida olulodwa ayeluthwele. Kwakuyisavutha sakhe, sasizakuba lusizo olukhulu kuye kulenkemba enhle uSawuli ayemnike yona.

Kwathi uGoliyathi ebona uDavida, wakhumbula ukuthi kwakuyibumbulu obungakanani ukuthi ngemva kwezinsuku ezingamatshumi amane amaIsrayeli angathuma lo umfanyana nje owayengelalutho ngaphandle komqhayi. Ngakho wamemeza izinto ezinengi ezimbi kuDavida, wokulwa ngawo. Wayeleqiniso ukuthi angambulala lula uDavida, watsho njalo.

Laye uDavida wayeleqiniso elipheleleyo ukuthi uzabulala uGoliyathi. Kodwa uGoliyathi wayengelayo yini inkemba enkulu lomkhonto lomuntu owayehamba phambi kwakhe elehawu elukhulu? Yebo uDavida wayekwazi, njalo watshela uGoliyathi ukuthi uyakwazi. Kodwa uDavida wayelolutho olungcono lolulamandla, njalo wakhuluma ngakho kuGoliyathi. WayeloNkulunkulu kanye laye wayelindlele uNkulunkulu ukumsiza.

Kwathi uGoliyathi esondela. UDavida wafaka isandla sakhe phakathi kwesikwama, wakhupha elinye lamatshe ayewadobhile esifuleni. Wafaka ilitshe esavutheni, kwathi khonokho uDavida eselungile, walithumela ilitshe laphapha emoyeni lisiya lapho okwakumi khona isiqhwaga somFilisti. Ilitshe likaDavida elokuqala latshaya ibunzi likaGoliyathi, wahle wawela phansi emhlabathini. UGoliyathi wafa.

Yebo amaFilisti ayengalindelanga lokho, wonke ahle abaleka. AmaIsrayeli wonke awaxotsha. Loba ngubani owayekhohlwe uNkulunkulu, uDavida kamkhohlwanga, njalo uNkulunkulu kazange amkhohlwe uDavida.

Liyakhumbula yini uNkulunkulu lapho lisazi ukuthi izinto kazilunganga? Ngithemba njalo. Kodwa bengingathaba ngcono uba nginakana ukuthi uyakhumbula ukuthi kuhlala kulolutho olungaqondanga kokuphela, ngoba uyisoni. Kokuphela hlala umcela uNkulunkulu ukuthi akuncede, ikakhulu ukuthi athethelele izono zakho ngenxa kaJesu.

bengena endlini, babuze ukuthi ngubani osiphahazileyo ukuthi wena loba omunye lithi, “Nakusimi”, ngaphandle kokunakana ngombuzo. Uqambe amanga! Ukufunde ngaphi ukuqamba amanga? Ukufunde nini kuqamba amanga? Wakufunda kumbalisi esikolo yini? Hatshi kwavela enhliziyweni yakho ekhohlisayo.

Kungeyisiwomanga wodwa kodwa lezinye izono zivela enhliziyweni. UKhayini wakufunda ngaphi ukubulala lapho wabulala umfowabo? Kambe wafunda kusiphi isikolo? Njalo nguwuphi umbalisi owamfundisayo ukubulala? Njalo yikho-ke ngizaqhubeka ngikhuluma ngobunengi bezinye izono, ngokwephula isabatha, usuku lweNKosi ukutshontsha, ukungalaleli uyihlo lonyoko, ukuhawukela, lokukhuluma amazwi okufunga. Konke kuphuma enhliziyweni eyonakeleyo.

Uyathandaza yini kuNkulunkulu ukuthi axolele izono zakho akusindise enhliziyweni yakho ekhohlisayo? Uyamcela yini ukuthi akuguqule akunike inhliziyo entsha, inhliziyo ekholwa kuKristu, ukuthanda iNkosi, ukuthokoza kokulungileyo, uzonde isono? UDavida nxa wayethandazela ukuxolelwa, wabona ukuthi isono sasivela ngaphakathi. Kodwa kwathi ngesikhathi esifananayo wathandaza, “Dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo, wena Nkulunkulu, uvuselele umoya oqondileyo phakathi kwami.” Kambe lowo awusiwo umthandazo omuhle kuwe ukuwuthandaza yini?

Isikolo esingejwayelekanga

Ngifuna ukulitshela ngesikolo esingejwayelekanga kakhulu. Kodwa kuqala ngizalibuza imibuzo. Licabanga ukuthi isono elisibona ebafaneni abancinyane lemankazaneni savela ngaphi? Licabanga ukuthi bazalwa belaso ngaphakathi kwezinhliziyi zabo yini? Uyakholwa ukuthi inhliziyi yakho ilesono na? Lokuthi wazalwa uvele ulesono na?

Abantu abanengi bacabanga ukuthi kakunjalo, lanxa iBhayibhili lisithi sazalwa silesono. Kabakholwa ukuthi umzali wethu wakuqala uAdamu kalalelanga uNkulunkulu, waba yisoni, labo baba yizoni. Liyabona uAdamu kwakufanele athathe indawo yethu phambi kukaNkulunkulu, ngakho ekoneni kwakhe, lathi sona. Ngakho bonke abantu, ngoba bavela kuAdamu, bazalwa belesono. Oqotho isono sasikithi singakazalwa.

Umhlabeleli uthi, “Ngabunjelwa ebubini”, engakazalwa. Kodwa kusekhona abalokhu besithi, “Hatshi lokhu kakusiloqiniso”. Ngeqiniso silungile sibili, njalo kasibabi njengabanye abafundisi abasenza sibe njalo. Yebo, lingabokholwa abakutshoyo. Kulokho libokholwa lokho uNkulunkulu alitshela khona eBhayibhili ngenxa yokona kwenu.

